Isihambi Emasangweni Akho

iSABATHA EMINI

Kuleliviki Funda Lokhu: *Marko 12:29–31, Dut. 10:1–19, Hub. 146:5–10, Mat. 7:12, Dut. 27:19, Jakobe 1:27–2:11.*

Indimana Yekhanda: **“ ‘Thandani-ke izihambi, ngokuba naniyizihambi ezweni laseGibithe’ ”** *(Duteronomi 10:19, NKJV)*.

Njengoba sifundile ngeviki eledlule, ngenkathi ebuzwa ngumbhali mayelana “ ‘nomthetho wokuqala kunayo yonke’ ” *(Marko 12:28)*, uJesu waphendula ngokunikeza isiqiniseko sokuthi uNkulunkulu munye, futhi wayesethi: “ ‘ “Woyithanda iNkosi, uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho, nangawo onke amandla akho’ ” *(Marko 12:30, NKJV)*.

Kepha, uJesu waqhubeka, ekhuluma futhi “ ‘nowesibili unjengawo’ ” *(Marko 12:31, NKJV)*, lokho Umbhali ayengazange abuze ngako. Nakuba kunjalo, uJesu, azi ukubaluleka kwawo, wathi: “ ‘Nowesibili onjengawo, yilo: ‘Womthanda umakhelwame wakho njengalokhu uzithanda wena.’ Awukho omunye umyalo omkhulu kunale’ ” *(Marko 12:31, NKJV)*.

Awukho *umthetho* omkhulu kunale na? UJesu wahlanganisa ukuthanda uNkulunkulu kanye nokuthanda umakhelwane emthethweni owodwa, futhi lowo mthetho wawumkhulu kunayo yonke.

Futhi, uJesu wayengezi nento entsha, into amaJuda ayengakaze ayizwe ngaphambilini. Kunalokho, ubizo lokuthanda Yena kunakho konke—umqondo wokuthando umakhelwane kanye nowokuthanda abanye abantu njengendlela yokutshengisa ukuthanda kwethu uNkulunkulu, yebo, kwakususelwa encwadini kaDuteronomi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 30.*

Sokani Izinhliziyo Zenu

UDuteronomi 10, ongukuqhubeka kukaDuteronomi 9, empeleni ngukuqinisekisa kukaNkulunkulu kwesivumelwano ayesenze noIsrayeli. Nembala, okuningi kwencwadi kungukuvuselelwa kwesivumelwano. Okungukuthi, nangemuva kwesono esibi e-Horeb, lapho okwathi uMose esanda kusuka phakathi kwabo isikhashana bawela ekukhonzeni izithixo, uJehovah wayengakaqedi ngabo.

Funda: uDuteronomi 10:1-11. Kwenzekani lapha okusisiza ukuba siqonde ukuthi uNkulunkulu wabathethelela abantu Bakhe isono sabo futhi waqinisa kabusha isithembiso sesivumelwano ayesenze kubo nakoyise na?

_____

_____

UMose waphahlaza izibhebhe zoMthetho Olishumi *(Dut. 9:17)*—Uphawu lwesivumelwano esiphukileyo *(Dut. 32:19)*. "Ukutshengisa ukunengeka kwakhe yicala labo, wajikela phansi zibhebhe zamatshe, futhi zephuka phambi kwabo bonke abantu, ngalokho ephawula ukuthi babephula isivumelwano sabo noNkulunkulu, ngalokho uNkulunkulu wayephule isivumelwano Sakhe nabo."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 320.

Ngalokho, ukuthi uNkulunkulu watshela uMose kuba aqophe izibhebhe ezintsha "njengezokuqala" futhi abhale kuzo amazwi ayebhalwe kwezokuqala kubonisa ukuthi uNkulunkulu wayebathethelele abantu futhi engaqedile ngabo, nangalesosikhathi.

Funda: uDuteronomi 10:14-16. UNkulunkulu uthini kubo na? Ichaza ukuthini Imifanekiso uJehovah ayisebenzisa lapha na?

_____

_____

Kunokuxubana kwemifanekiso lapha: ijwabu, inhliziyo, nentamo. Nakuba kunjalo, iphuzu lisobala. Ukusoka kwakuluphawu lwesivumelwano, kodwa wuphawu nje *lwangaphandle*. UNkulunkulu wayefuna Izinhliziyo zabo, Okungukuthi, izingqondo zabo, inkanuko yabo, uthando lwabo. Umfanekiso wezintamo ezilukhuni kalula nje wawukhomba enkanini ababenayo ekungafunini kwabo ukulalela uJehovah. Futhi, lapha nakwezinye izindawo, uJehovah wayebatshela ukuba mabayeke ukuthembeka okungazinzile futh bakhonze Yena ngenhliziyo nangomphefumulo wabo wonke.

Cabanga ngazo zonke izikhathi uJehovah akuthethelele ngazo izono zakho. Lokho kumele kukutsheleni ngomusa Wakhe na?

Thanda Isihambi

Phakathi kweziyalo uMose uyamemezela: " 'Bheka, izulu nezulu lamazulu lingelikaJehova uNkulunkulu wakho, nomhlaba nakho konke okukuwo' " *(Deut. 10:14, NKJV)*. Yeka inkulumo enamandla kangaka yobukhulu bukaJehovah, umqondo otholakala nakwezinye izindawo eBhayibhelini: "Umhlaba ungokaJehovah, nokugcwala kwawo, izwe nabakhileyo kulo" *(Ihubo. 24:1, NKJV)*.

Funda: **uDuteronomi 10:17-19. Yisiphi esinye isimemezelo asenzayo uMose ngoJehovah lapha, futhi na? Okusemqoka kakhulu, uNkulunkulu uyaleza abantu Bakhe ngani ngenxa yalesisimemezelo na?**

_____

_____

U-Yahweh akayena nje umbusi wezulu nomhlaba kuphela, aphinde futhi abe "nguNkulunkulu wonkulunkulu, kanye neNkosi yamakhosi" *(Dut. 10:17)*. Lokhu akuchazi ukuthi kukhona abanye onkulunkulu, abangaphansi, njengalokhu amaqaba ayebazungezile ayekhonza. Kunalokho, kuyindlela yokukhuluma Ngaye engukuphela Kwakhe uNkulunkulu (" ' "Bonani manje ukuthi mina, yebo, mina nginguye, akakho uNkulunkulu ngaphandle kwami" ' " [*Deut. 32:39, NKJV*]), iqinisekisa ubukhosi obuphelele Bakhe phezu kwawo onke amanye amandla, angempela nacatshangwayo, ezulwini noma emhlabeni.

Umbhalo uthi, futhi, Yena "unguNkulunkulu omkhulu, onamandla, futhi owesabekayo, ongakhethi muntu futhi engaphulwa sandla." Konke kuyingxenye yomyalezo omkhulu: u-Yahweh nguNkulunkulu wakho, futhi nina, bantu Bakhe, kumele nimlalele Yena.

Kunamandla ukuqhathanisa okwenzeka lapha. Yebo, u-Yahweh nguNkulunkulu wonkulunkulu kanye neNkosi yamakhosi, Umbusi wakho konke kanye nomphasi wendalo (*Kol. 1:16, 17*), kepha futhi unakekela izintandane, umfelokazi, kanye nesihambi, futhi abonise lokho kunaka ngokubhekana nezidingo zabo eziphuthumayo.

UNkulunkulu uqaphela uma kuwa umzwlili *(Mat. 10:29)* uyabazi ubunzima balabo abasemaphethelweni omphakathi. Ngamanye amazwi, uJehovah utshela abantu ukuthi, *Kulungile, mhlawumbe nikhethiwe, nikhethekile, futhi ngiyanithanda, kodwa nabanye ngiyabathanda, kuhlangene nabasweleyo nabantulile phakathi kwenu. Futhi nanjengoba ngibathanda, nani kumele nibathande, ngokunjalo. Lokhu kungesinye sezibopho zenu zesivumelwano, esibalulekile, futhi.*

Funda Ihubo 146:5-10. Yimuphi umyalezo waleliHubo obonisa lokho okushiwo nguNkulunkulu lapha, futhi lokhu kumele kusho ukuthini kithina namuhla, njengamaKristu na?

_____

_____

Ngokuba Naniyizihambi EGibhithe

“ ‘Ngakhoke thandani izihambi, ngokuba naniyizihambi ezweni laseGibhithe’ ” *(Dut. 10:19, NKJV)*. **Uthini umyalezo kuIsrayeli wasendulo lapha na? Lomyalezo kumele uthini nakithina, ngokunjalo na?**

_____

_____

Eminyakeni eminingi ngaphambilini uJehovah wayethe ku-Abram: “ ‘Yazisisa ukuthi inzalo yakho izakuba ngabafokazi ezweni elingesilo elabo, ibe yizigqila, icindezelwe iminyaka engamakhulu amane’ ” *(Gen. 15:13, NKJV; buka futhi Gen. 17:8, Acts 13:17)*. Lokhu, nembala, kwenzeka, futhi ezahlukweni zokuqala zikaEksodusi indaba enkulu yokuhlengwa kwabo *(Eksod. 15:13)* nokusindiswa *(Eksod. 14:13)* eGibhithe ilotshelwe Izizukulwane, Uphawu, isingathekiso, sokuhlengwa kanye nokusindiswa esikunikeziwe kuKristu Jesu. Kulendimana, uJehovah ufuna bakhumbule lapho ebebekade bekhona nababeyiko—izihambi kwelinye izwe.

Ngamanye amazwi, Khumbulani ngesikhathi nanisonqenqemeni lomphakathi, nilahliwe, futhi niyizigqila, ngalokho nisemuseni walabo ababenamandla kunani futhi bekwazi ukunihlukumeza, futhi nembala, bekwenza lokho. Futhi nakuba uIsrayeli wayeyisizwe esikhethiweyo, esibizwe nguNkulunkulu, “umbuso wabapristi” *(Exod. 19:6)*, futhi nakuba kwakunomehluko phakathi kwabo kanye nezihambi eziphakathi kwabo—ikakhulu ngokuphathelene nezinkonzo Zenkolo—uma kuza “kumalungelo esintu,” isihambi, umfelokazi, intandane babedinga ukuphathwa ngokulunga okufanayo nokwakulindelwe ngabakwaIsrayeli.

Funda: **uMathewu 7:12. Lendimana ikusonga kanjani lokho uJehovah ayekutshela uIsrayeli wasendulo ngendlela okwakumele baphathe ngayo abangenamandla phakathi kwabo na?**

_____

_____

Lesisiyalo kuIsrayeli mayelana nendlela okwakumele baphathe ngayo abalahliwe, kwakungewona umkhuba ojwayelekile endulo, lapho abalahliwe babephathwa njengezilwane kwezinye izikhathi.

Ngokuphikisayo, uIsrayeli kwakumele ehluke, abe yisibani ezizweni. Yebo, lowo mehluko wawuzotholakala kuNkulunkulu ababemkhonza, ngendlela ababemkhonza ngayo, kanye nalo lonke uhlelo lwenkolo yeqiniso uNkulunkulu ayebanikeze lona. Kepha, ukuphatha kwabo ngobumnene abangelutho kwakuzoba ngubufakazi obunamandla ezweni ngobukhulu bukaNkulunkulu wabo kanye nokholo lwabo, okwakuyisizathu sonke sokubakhona kwabo, ukufakaza ezweni ngoNkulunkulu wabo.

Hlulela Ngokulunga

Njengamakholwa, sibizelwe ukuba sibonakalise isimilo sikaNkulunkulu. UPawule wabhala, “Bantwana bami, enginemihelo futhi ngani, uKristu aze abunjwe phakathi kini” *(Gal. 4:19, NKJV)*. Nembala. Kusukela ekuqaleni sasidalwe “ngomfanekiso kaNkulunkulu” *(Gen. 1:27)*, umfanekiso kamuva uwangcoliswa yisono. Futhi njengalokhu sibonile, ngenkathi uMose ekhuluma ngamandla kanye nobukhosi bukaNkulunkulu, wathi futhi uNkulunkulu akazange afumbathiswe futhi wanakekela ababuthaka kanye nabalahliweyo. UNkulunkulu wenza lokhu; ngakhoke, nathi sidinga ukwenza okufanayo.

Funda: izindimana ezilandelayo KuDuteronomi. Ithini indikimba efanayo kuzo zonke na?

Deut. 1:16 _____

Deut. 16:19 _____

Deut. 24:17 _____

Deut. 27:19 _____

Konke kungendlela abangenamandla, abampofu, abalahliwe abangatholi ngayo ubulungiswa obufanayo ezinkundleni eziningi njengalabo abanemali, amandla, futhi nabazana nabathile. Akwenzi mehluko ukuthi yiliphi izwe, yisiphi isikhathi, indlela yempilo, noma izimiso ziphakeme kanganani zomthetho nokulinganisa ezikhona kumgaqo wezwe noma imithetho nanoma yini; iqiniso elikhona liyafana: abampofu, abangenamandla, kanye nabantulayo cishe abakutholi ukulunga okutholwa ngabanye

Yilokhu okuthathekisayo ngalokho uJehovah ngoKwakhe akusho lapha. Lokhu kungalinganisi, okugcwele yonke indawo, akumele kwenziwe kwaIsrayeli, phakathi kwabantu bakaNkulunkulu, labo abamele Yena emhlabeni. Ngenye indlela, ukusebenzisa itemu lanamuhla, uJehovah wayefuna kubekhona “ukulingana ngaphansi komthetho” kwaIsrayeli wasendulo.

Kodwa lokhu kujule kakhulu kunezomthetho. “ ‘ “Niyakuba ngcwele, ngokuba Mina Jehovah uNkulunkulu wenu ngingcwele” ’ ” *(Lev. 19:2, NKJV)*. Yebo, babazi ukuthi uNkulunkulu weqiniso ngubani, futhi benendlela efanele yokumkhonza, futhi beletha zonke izinhlobo zeminikelo efanele. Konke lokho kwakulungile. Kodwa ekugcineni, kuhle ngani konke lokho uma bengaphathi kahle abangenamandla nabampofu phakathi kwabo na? Ngokuphinda phindiwe, kubaprofethi, uJehovah ulwa nabacindezela abampofu nabaswele kaIsrayeli. Ningaba kanjani “ngcwele” futhi nihlukumeze abanye ngesikhathi esisodwa na? Anikwazi, nakuba niqiniseke kangakanani ekugcineni ezenkolo.

Funda u-Amos 2:6; Amos 4:1; Amos 5:11; Isaya 3:14, 15; Isaya 10:1, 2; no Jeremiya 2:34. Bathini abaprofethi okuveza lokho uJehovah ayexwayise ngako uIsrayeli wasendulo na? Athini lamazwi kithina namuhla na?

Inkolo Emsulwa Phambi KukaNkulunkulu

Funda: uDuteronomi 24:10-15. Yiziphi izimiso ezibalulekile ezethulwa lapha mayelana nendlela yokuphatha labo abangaphansi kolawulo lwethu na?

_____

_____

Futhi, sibona umnako kaJehovah ngesithunzi sabantu. Yebo, othile ukukweleta okuthile, futhi yisikhathi sokulanda—kodwa bonisa lowo muntu inhlonipho ethile, isithunzi esithile akunjalo na? Musa ukugulukudela endaweni yakhe uyofuna ngesankahlu. Kunalokho, linda ngaphandle ukuba eze kuwe azokunikeza. UDuteronomi 25:12, 13 ubonakala engathi uthi uma ompofu ekunize izembatho "njengesibambiso," uyadinga okungenani ukuba umsize alale ngaso ebusuku. Ezinye izindimana zibhekana nendlela othile aphatha ngayo ompofu osebenzela yena, okulula ukuba acindezeleke. Musa ukumcindezela, ngoba emehlweni kaNkulunkulu kuyisono, futhi ngokuqinisekileyo esibi kakhulu. Kwakhona, uma uIsrayeli wayezoba ngufakazi, ngabantu abangcwele abahamba eqinsweni phakathi kwezwe elicwile emangeni, ekukhonzeni izithixo, ebubini, nasesonweni, nembala kwakuyomele babemnene kwababuthakathaka nakwabahlupheke kunabo bonke. Kungenjalo, ubufakazi babo babuyoba yize.

Funda: uJakobe 1:27-2:11. Uthini uJakobe lapha okuveza lokho uJehovah ayekutshela abantu Bakhe KuDuteronomi na? Yikuphi okubalulekile kulokhu kuxhumanisa kukaJakobe ukuhlukumeza abampofu kanye neMithetho Elishumi na?

_____

_____

Nakuba kungekho Emithethweni Elishumi ngokwayo okuxhumene ngqo nokuphatha abacebile kangcono kunabampofu, ukugxila ngokuqinile embhalweni womthetho ube ngesikhathi esisodwa uxhaphaza abampofu noma abaswele kwenza inhlekisa ukuzibiza ngekholwa kanye nokubanga ngelokugcina imithetho. Ukuthanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena yindlela ephakeme kunazo zonke yokubonisa umthetho kaNkulunkulu—futhi lokhu yiqiniso lamanje njengamanje njengalokhu kwakunjalo ngesikhathi sikaJakobe, futhi kwakunjalo nangenkathi uMose ekhuluma noIsrayeli emingceleni Yezwe eliNgcwele.

Kungani thina njengama-Seventh-day Adventist, abathathela phezulu ukugcina umthetho, kumele siqinisekise ukuba siwathathela phezulu amazwi kaJakobe nakaDuteronomi na? Sinalokho esikufunde kuJakobe, kungani Inkolo yethu ekugcineni umthetho kumele iqinise ukuzinikela kwethu ekusizeni abampofu nabaswele phakathi kwethu na?

Cabanga Kabanzi: Kulukhuni ukucabanga ukuthi nasezikhathini ezinhle kakhulu, njengasekubuseni kukaDavide noSolomoni, isizwe sakwaIsrayeli sasingabusiswa kangaka nguNkulunkulu kepha sasibagcindezele kakhulu abampofu, abangenamandla, kanye nabantulayo phakathi kwabo.

"Ngalokho, ngokuba ninyathela abampofu, namukele kuye isipho samabele, noma nakha izindlu ngamatshe abaziweyo aniyikuhlala kuzo, nokuba nitshala izivini ezinhle aniyikuphuza iwayini lazo. Ngokuba ngiyazi ukuthi iziphambeko zenu ziningi nokuthi izono zenu zinkulu, nina enicindezela abalungileyo, namukela umvuzo, nenichezukisa abampofu esangweni." *(Amos 5:11, 12, NKJV)*.

"UJehova uyakungena ekwahluleleni namalunga abantu bakhe nezikhulu zabo ngokuthi: "Yinina eniqedile isivini, impango yabampofu isezindlini zenu' " *(Isa. 3:14, NKJV)*.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ UIsrayeli kwakumele akhumbule ukuthi babe "yizihambi" eGibhithe, okungesinye sezizathu ngazo okwakumele baphathe izihambi nabafokazi phakathi kwabo ngendlela ababefisa engabe baphathwa ngayo ngenkathi nabo bengabafokazi. Leliqiniso lihlobana kanjani nevangeli, nomqondo wokuthi, ngegazi likaJesu, sikhululiwe ebugqilini besono na? Kungani, futhi ngaziphi izindlela ezihambisanayo, kumele lokho uJesu asenzele kona kuthinte indlela esiphatha ngayo abanye, ikakhulu labo abangenamandla phakathi kwethu na?

❷ Cabanga ngako. Singakhonza ngosuku olufanele, siqonde ngeqiniso ngokufa, isihogo, Uphawu lwesilo, njalo, njalo. Kuhle lokho. Kodwa kuchazani konke lokho uma sihlukumeza abanye sibaphatha kabi abangenamandla phakathi kwethu noma singenzi ubulungiswa uma kumele sahlulele isimo na? Ikakhulu ngenxa yeqiniso esinalo, kungani kumele siqikelele kakhulu ekutheni singacabangi ngokuthi, ngandlela-thile, ukwazi nje iqiniso, ngokwako, yikho konke nje uNkulunkulu akufuna kithina na? Kungani lokhu kungaba wugibe oluyingozi kithina na?

❸ Iyiphi indima ukholo lwethu okumele lube nayo ekusizeni thina ukuba siqonde ngalokho okuvama ukubizwa "ngamalungelo esintu" na?